**ISITATIMENDE SABEZINDABA**

**Tshwane, 2 kuNcwaba 2023 –** UPhiko Lwemalingeniso Eqoqwayo LwaseNingizimu Afrika (uSARS) lusiqaphele isitatimende esenziwe uMnu. Julius Malema enkomfeni yabezindaba esanda kuphothulwa ye-Economic Freedom Fighters (i-EFF). Lesi sitatimende siveza ukuthi kwaba nomhlangano phakathi kukaMongameli u-Cyril Ramaphosa noKhomishana wakwaSARS uMnu. Edward Kieswetter lapho uMongameli Ramaphosa enike khona uKhomishana u-Kieswetter umyalelo wokuba enze uphenyo ezindabeni zalabo abebehambele nabaxhase ku-EFF Gala Dinner ebingomhla zingama-27 kuNtulikazi 2023.

Isitatimende sanamuhla sandulelwe isitatimende esenziwe uMnu. Malema ngoMgqibelo embuthanweni we-EFF esithi u-SARS "uhlukumeza" umndeni wakhe ngenhloso yokuthola noma yini nje engemthetho kuye noma ngaye ukuze bayisebenzisele okubi.

U-SARS akajwayele ukuphawula kuzitatimende ezenziwe ngawo emkhakheni wezepolitiki. Kodwa-ke, u-SARS unomthwalo kulokhu ukuba ukhiphe impendulo ngalesi sitatimende. U-SARS uyakuphika ukuthi ube khona umhlangano phakathi kukaMongameli Ramaphosa noKhomishana uKieswetter.

UKhomishana uKieswetter ezikhathini eziningi ukwenze kwacaca ukuba akaze kube nakuthonywa endleleni enza ngayo umsebenzi wakhe, noma uma angase anikwe umyalelo ongemthetho yinoma yimuphi usopolitiki, uyosula ngaleso sikhathi esikhundleni sakhe, kunokuba adelele isifungo sehhovisi lakhe. UKhomishana uKieswetter usebenze ngokuzikhandla ukwakha kabusha u-SARS emva kokuba abantu abathile bewushintshile ukuze bakwazi ukufeza izinhloso zabo zenkohlakalo yokubamba umbuso ngobhongwane. Ngakho-ke, uzosebenzela ukuvikela umsebenzi onzima wezisebenzi zakwa-SARS ezingaphezu kwezi-12 500 kunokuba anake isicelo esingekho emthethweni. Ezikhathini eziningi uzikhuzile izisebenzi zakwa-SARS ezithatha imiyalelo noma ezihlangana nabakhokhintela ekuphuleni umthetho base beyaxoshwa.

U-SARS ufisa ukukhumbuza zonke izakhamizi ezithobela umthetho ngokuba semqoka kwendima edlalwa umphathi wemali eqoqwayo ezindabeni zezwe ngokuqoqa imali ukwakha umbuso okhonayo ukuze ukwazi ukubhekana nezinselela ezinkulu zobuphofu, ukuswelakala kwemisebenzi, ukungalingani nokukhuthaza inhlalakahle yabo bonke abantu baseNingizimu Afrika. Ngalokho-ke ucela bonke abantu baseNingizimu Afrika ukuba bazibambe ekudicileleni phansi isithunzi sesikhungo esisemqoka kangaka esibalulekile ekuphiliseni nasekwesekeni intando yethu yeningi. U-SARS wenza umsebenzi wawo ngokusemthethweni, ngaphandle kokwesaba, ukwenzelela noma ukubandlulula. Naliphi ilungu lomphakathi owazi isisebenzi sakwa-SARS esenza okuphambene nomthetho bayacelwa ukuba babike ehhovisi lakwa-SARS lobugebengu noma zithunyelwe ngqo eHhovisi likaKhomishana ku ooc@sars.gov.za.

Ukuze izwe lethu lithuthuke, akuyona into okungaxoxiswana ngayo eyokuthi izikhungo ezisiza izakhamizi nezenza umyalelo ngokomthethosisekelo, ziyekwe zenze umsebenzi wazo ngaphandle kokugxambukela kwezepolitiki.

